- (d) the nature of the intended proceedings and whether the outcome of the proceedings could facilitate the development of judicial precedent and jurisprudence in this area of the law.

(4) The Judge President may delegate any of the powers vested in the Judge President under this section to the Deputy Judge President or any other judge of the Court.

Part 2

Rules, powers and functions of Court under other legislation, intervention, right to appear, legal representation, powers of Court on hearing appeals and judgment by default

Rules governing procedure of Court

14. (1) The Rules Board must make rules to regulate the conduct of proceedings of the Court, including—

- (a) the circumstances under which opinion and oral evidence may be submitted to the Court;
- (b) the suspension or execution of judgments, orders or sentences of the Court pending applications, or petitions for leave to appeal and the prosecution of appeals;
- (c) the manner and circumstances under which a judgment by default contemplated in section 18 of this Act can be given;
- (d) the practice and procedure of the Court in applications in terms of Chapter IIIA of the Restitution of Land Rights Act;
- (e) any of the matters listed in section 6(1)(a) to (s) of the Rules Board for Courts of Law Act, 1985 (Act No. 107 of 1985), insofar as they are appropriate to the functioning of the Court; and
- (f) generally, any matter which may be necessary or useful to be regulated for the proper despatch and conduct of the functions of the Court.

(2) Notwithstanding anything to the contrary in this Act or in the rules contemplated in subsection (1), the Court may—

- (a) at any stage after a claim has been referred to it, refer the claim back to the Commission with directives as to matters which are to be investigated and reported on by the Commission; and
- (b) conduct any part of any proceedings on an informal or inquisitorial basis.

(3) The Rules Board must make rules in respect of the form and manner in which a party to an arbitration may apply to the Court to—

- (a) stop the arbitration process and to proceed in the Court;
- (b) vary or set aside a settlement agreement; or
- (c) set aside an arbitration award.

(4) The rules contemplated in subsection (1) must facilitate the expeditious handling of disputes and the minimisation of costs involved.

(5) Except as is otherwise provided for in this Act, the provisions of the Superior Courts Act, and of the rules regulating the conduct of the proceedings of the several provincial and local divisions of the High Court of South Africa made under the Rules

- (2) Umbhalisi kufanele, ngendlela nangesikhathi esishiwo emithethweni adlulisele udaba kwiJaji elinguMongameli Wenkantolo, okufanele linqume ukuthi ngabe udaba—
- (a) kumele lulalelwe eNkantolo; noma
 - (b) kufanele luthunyelwe ukuxazululwa ngokwesigaba sama-29 salo Mthetho, okuwukuthi ngokombono weJaji elinguMongameli, lingabhekana nodaba ngendlela efanele. 5
- (3) Ijaji elinguMongameli, ngaphambi kokwenza isinqumo sokudlulisela udaba njengoba kuhlangozwe esigatshaneni sesi-(2), kufanele acabangele zonke izimo ezifanele, okuhlanganisa nalokhu okulandelayo:
- (a) Uma ukulamula noma ukwahlulela ngokwanoma yimuphi umthetho kwenzeka ngaphambi kwesikhungo sokuqulwa kwecala eNkantolo kanye nomphumela wakho; 10
 - (b) izimo eziyimfihlo zamaqembu;
 - (c) izidingo kanye nokukhululwa okufunwa abathintekayo; futhi
 - (d) uhlobo lokuthethwa kwamacala okuhlosiwe kanye nokuthi umphumela wokuthethwa kwecala ungasiza yini ukuthuthukisa umyalelo wenkantolo ongumhlahlandlela kanye nesayensi yomthetho kule ndawo yomthetho. 15
- (4) Ijaji elinguMongameli lingadlulisela noma yimaphi amandla anikezwe iJaji elinguMongameli ngaphansi kwalesi sigaba kwiPhini leJaji elinguMongameli noma elinye ijaji leNkantolo. 20

Ingxenye 2

Imithetho, amandla kanye nemisebenzi yeNkantolo ngaphansi kweminye imithetho, ukungenelela, ilungelo lokuvela, ukumelwa ngokwezomthetho, amandla enkantolo ekuqulweni kwecala, izikhalo nezahlulelo ngokuzenzakalela

Imithetho elawula inqubo yeNkantolo 25

- 14.** (1) Ibhodi Lemithetho kufanele lenze imithetho yokulawula indlela yokuqulwa kwamacala enkantolo, okuhlanganisa—
- (a) nezimo lapho umbono kanye nobufakazi bomlomo bungaletshwa eNkantolo;
 - (b) ukumiswa noma ukukhishwa kwezahlulelo, imiyalelo noma izigwebo zeNkantolo kusalindwe izicelo, noma izicelo zemvume yokuyovela enkantolo kanye nokushushiswa kwezikhalo; 30
 - (c) indlela nezimo okungenziwa ngaphansi kwazo isahlulelo ngokuzenzakalela esihlangozwe esigabeni se-18 salo Mthetho;
 - (d) umkhuba kanye nenqubo yeNkantolo ekufakweni kwezicelo ngokweSahluko IIIA soMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba; 35
 - (e) noma yiziphi izinto ezibalulwe kwisigaba sesi-6(1)(a) kuya ku-(s) soMthetho Webhodi Lemithetho Yezinkantolo Zomthetho, we-1985 (uMthetho 107 we-1985), ngendlela ezifanele ngayo ukusebenza kwenkantolo; futhi
 - (f) ngokuvamile, noma yiluphi udaba olungase ludingeke noma lube wusizo ukuba lulawulwe ukuze kuthunye futhi kuphathwe ngendlela efanele imisebenzi yeNkantolo. 40
- (2) Naphezu kwanoma yini ephambana nalo Mthetho noma emithethweni ehlongozwe esigatshaneni soku-(1), iNkantolo—
- (a) kunoma isiphi isikhathi ngemva kokuthi isimangalo sesidluliselwe kuyo, ingabuyisela isimangalo kukhomishana neziqondiso mayelana nezindaba okufanele ziphenywe futhi kubikwe ngazo yikhomishana; futhi 45
 - (b) ingaqhuba noma iyiphi ingxenye yanoma yikuphi ukuqulwa kwecala ngendlela engahlelekile noma yokubuza imibuzo.
- (3) Ibhodi Lemithetho kufanele lenze imithetho maqondana nefomu nendlela uhlangothi ekwahlulelweni olungafaka ngayo isicelo eNkantolo— 50
- (a) sokumisa inqubo yokwahlulela nokuqhubeka eNkantolo;
 - (b) sokushintsha noma ukubeka eceleni isivumelwano sokukhokha; noma
 - (c) ukubeka eceleni isahlulelo sokugcina.
- (4) Imithetho ehlongozwe esigatshaneni soku-(1) kufanele yenze kube lula ukusingathwa kwezingxabano ngokushesha kanye nokunciphisa izindleko zaloko. 55
- (5) Ngaphandle njengoba kuhlizekiwe kulo Mthetho, imihlinzeko yoMthetho Wezinkantolo Eziphakeme, kanye nemithetho elawula ukuqhutshwa kwamacala kwezigaba eziningi zezifundazwe nezendawo zeNkantolo Ephakeme yaseNingizimu

Board for Courts of Law Act, 1985, apply with the necessary changes required by the context to the Court—

- (a) in so far as these provisions are not provided for in this Act or the rules; and
- (b) to the extent that they are not inconsistent with this Act.

Powers and functions of Court under other legislation 5

15. The provisions of this Act regulating the procedures, powers and functions of the Court apply, with the necessary changes required by the context, to the performance by the Court of its powers and functions in terms of any other law in respect of which it has jurisdiction, unless such application is excluded expressly or by necessary implication.

Intervention to proceedings before Court, right to appear and legal representation 10

16. (1) Any person or body with legal standing may apply to the Court for leave to intervene as a party to any proceedings before the Court.

(2) The State has the right to intervene as a party to all proceedings before the Court.

(3) Any party appearing before the Court may do so in person or may be represented by a legal practitioner as contemplated in the Legal Practice Act, 2014 (Act No. 28 of 2014), of their own choice and at their own expense. 15

(4) (a) Where a party involved in a matter before the Court is not represented by a legal representative because such party cannot afford to pay for legal representation, and the Court is of the opinion that it would be in the best interests of the party to have legal representation, the Court must refer the matter to Legal Aid South Africa as contemplated in section 2 of the Legal Aid South Africa Act, 2014 (Act No. 39 of 2014). 20

(b) Legal Aid South Africa must deal with a matter referred to in paragraph (a) in accordance with section 4(1)(f) of the Legal Aid South Africa Act, 2014, to provide legal representation at State expense, where substantial injustice would otherwise result.

(c) Expenditure in connection with the implementation and application of paragraph (a) must be defrayed from money appropriated by Parliament for this purpose and monies appropriated by Parliament for this purpose constitute earmarked funds on the vote of Legal Aid South Africa, and may not be used for any other purpose. 25

Powers of Court on hearing of appeals

17. (1) Any person who is aggrieved by a judgment or order of a Magistrate's Court may appeal to the Court against that judgment or order in accordance with— 30

- (a) any land related legislation conferring appellate jurisdiction on the Court; and
- (b) the rules contemplated in section 32.

(2) The Court, at the hearing of any appeal in terms of this Act or any law conferring upon it any appellate jurisdiction, has the power— 35

- (a) to receive further evidence;
- (b) to remit the case to the court or other tribunal of first instance for further hearing, with such instructions as regards the taking of further evidence or otherwise as the Court considers necessary; or
- (c) to confirm, amend or set aside the judgment, order or decision which is the subject matter of the appeal and to give any judgment, order or decision which the circumstances may require, 40

unless such law provides otherwise.

Afrika eyenziwe ngaphansi koMthetho Webhodi Lemithetho Yezinkantolo zoMthetho, we-1985, isebenza nezinguquko ezidingekayo ezidingwa yisimo seNkantolo—

- (a) kuze kube imanje njengoba imihlinzeko ingahlinzekiwe kulo Mthetho noma imithetho; futhi
- (b) ngendlela yokuthi ayihambisani nalo Mthetho. 5

Amandla nemisebenzi yeNkantolo ngaphansi kweminye imithetho

15. Imihlinzekelo yalo Mthetho elawula izinqubo, amandla kanye nemisebenzi yeNkantolo iyasebenza, nezinguquko ezidingekayo ezidingwa yisimo, ekusebenzeni kweNkantolo ngamandla nemisebenzi yayo ngokwanoma yimuphi omunye umthetho enegunya kuwo, ngaphandle uma isicelo esinjalo singabandakanyiwe ngokusobala noma ngokwesidingo esicashile. 10

Ukungenelela ekuthethweni kwamacala aseNkantolo, ilungelo lokucela kanye nokumelwa ngokwezomthetho

16. (1) Noma yimuphi umuntu noma umgwamanda osemthethweni ungafaka isicelo eNkantolo ukuze uthole imvume yokungenelela njengengxenywe kunoma yikuphi ukuthethwa kwecala eNkantolo. 15

(2) UMBuso unelungelo lokungenelela njengengxenywe kukho konke ukuthethwa kwamacala eNkantolo.

(3) Noma yiluphi uhlangothi olucela eNkantolo lungakwenza lokho mathupha noma limelwe ummeli njengoba kuhlongozwe kuMthetho Wokusebenza Kwezomthetho, wezi-2014 (uMthetho 28 wezi-2014), ngokuzikhethela kwalo nangezindleko zalo. 20

(4) (a) Lapho uhlangothi oluthintekayo odabeni oluphambi kweNkantolo lungamelwe ummeleli wezomthetho ngenxa yokuthi lolu hlangothi alukwazi ukukhokha izindleko zokumelwa ngokomthetho, futhi iNkantolo inombono wokuthi uhlangothi kuyolusiza ukumelwa ngokomthetho, iNkantolo kufanele idlulisele udaba kwa-*Legal Aid South Africa* njengoba kuhlongozwe esigabeni sesi-2 *Legal Aid South Africa Act, 2014* (uMthetho 39 wezi-2014). 25

(b) I-*Legal Aid South Africa* kumele ibhekane nodaba okukhulunywe ngalo endimeni (a) ngokuhambisana nesigaba 4(1)(f) soMthetho we-*Legal Aid South Africa, 2014*, ukuze ihlinzeke ngokumeleleka kwezomthetho ngezindleko zoMBuso, lapho ukungabi nabulungiswa okukhulu bekungaba umphumela. 30

(c) Izindleko ezisetshenziswayo maqondana nokuqaliswa kanye nokusetshenziswa kwendima (a) kufanele kuhoxiswe emalini eyabiwe yiPhalamende ngale nhloso futhi izimali ezabiwe yiPhalamende ngale nhloso zihlanganisa izimali ezibekelwe ivoti le-*Legal Aid South Africa*, futhi angeke zisetshenziselwe noma iyiphi enye inhloso. 35

Amandla eNkantolo ekulalelweni kwezikhalo

17. (1) Noma yimuphi umuntu onesikhalo ngenxa yesinqumo noma umyalelo weNkantolo Yezimantshi angafaka isikhalo eNkantolo ngokumelene naleso sinqumo noma umyalelo ngokuhambisana—

- (a) nanoma yimuphi umthetho ohlobene nomhlaba onikeza iNkantolo igunya lokuzwa izikhalo zezinkantolo ezingaphansi; kanye 40
- (b) nemithetho ehlongozwe esigabeni sama-32.

(2) INkantolo, lapho kulalelwa noma yisiphi isikhalo ngokwalo mthetho onikeza noma yiliphi igunya lokulalela isikhalo, inamandla—

- (a) okuthola obunye ubufakazi; 45
- (b) okudlulisela icala enkantolo noma kwesinye isigungu sokuqulwa kwecala okokuqala ukuze kuqhutshekwe nokuqulwa kuso, ngaleyo miyalelo maqondana nokuthathwa kobunye ubufakazi noma ngenye indlela iNkantolo ebona kufanele ngayo; noma

(c) okuqinisekisa, ukuchibiyela noma ukubekela eceleni isahlulelo, umyalelo noma isinqumo okuwudaba lwesikhalo kanye nokunikeza noma yisiphi isahlulelo, umyalelo noma isinqumo izimo ezingase zisidinge, ngaphandle uma lowo mthetho uhlinzeka ngenye indlela. 50

Judgment by default

18. A judgment by default may be granted by the Court in the manner and in the circumstances determined in the rules: Provided that the Court must be satisfied that there was proper service of the process by which the case was initiated.

Part 3

5

Witnesses, witness fees and admissibility of evidence**Witnesses**

19. (1) The registrar must, in the form and manner provided for in the rules subpoena a person to appear as a witness in a matter before the Court to give evidence or to produce a book, document, written instrument or any item on request by— 10

- (a) the judge in the matter;
- (b) a person whose rights may be affected by an order that may be made by the Court in those proceedings; or
- (c) the legal practitioner of a person referred to in paragraph (b).

(2) Sections 35(2), (3), (4) and (5) and 36 of the Superior Courts Act, read with such changes as the context may require, apply to a person who has been subpoenaed in terms of subsection (1) or required by the judge to give evidence. 15

(3) A person subpoenaed in terms of subsection (1) and who complied with the subpoena, is entitled to an allowance from State funds as contemplated in section 20.

Witness fees

20

20. (1) A witness in any proceedings of the Court and any person who accompanies any such witness on account of the youth or infirmity due to old age or any disability of such witness, must be paid such allowances as may be prescribed in terms of section 37 of the Superior Courts Act.

(2) Notwithstanding anything to the contrary contained in any other law, the Court may order that no allowances or only a portion of the prescribed allowances must be paid to any witness. 25

Admissibility of evidence

21. (1) The Court may, in the case of claims under the Restitution of Land Rights Act admit evidence, including oral evidence, which it considers relevant and cogent to the matter being heard by it, whether or not such evidence would be admissible in any other court of law. 30

(2) Without derogating from the generality of subsection (1), it is competent for any party before the Court to adduce—

- (a) hearsay evidence regarding the circumstances surrounding the dispossession of a land right or rights and the rules governing the allocation and occupation of land within a claimant community at the time of such dispossession; and 35
- (b) expert evidence regarding the historical and anthropological facts relevant to any particular land claim.

(3) The Court must give such weight to any evidence adduced in terms of subsections (1) and (2) as it deems appropriate. 40

(4) Whenever a judgment, order or other record of the Court is required to be proved or inspected or referred to in any manner, a copy of such judgment, order or other record duly certified as such by the registrar of the Court under its seal is *prima facie* evidence thereof without proof of the authenticity of such registrar's signature. 45

Ukwahlulela ngokuzenzakalelayo

18. Isinqumo ngokuzenzakalelayo singanikezwa yiNkantolo ngendlela kanye nasezimweni ezinqunywe emithethweni: Kuncike ekutheni iNkantolo kufanele yaneliseke ngokuthi isevisi yenqubo icala elaqalwa ngayo ukuthi yenziwe ngendlela efanele.

5

Ingxenye 3***Ofakazi, izimali zofakazi kanye nokwamukelwa kobufakazi*****Ofakazi**

19. (1) Umbhalisi kumele, ngefomu nangendlela ehlinzekwe emithethweni abizele umuntu ukuba avele njengofakazi odabeni oluphambi kweNkantolo ukuze anikeze ubufakazi noma aveze incwadi, umbhalo, ithuluzi elibhaliwe noma nanoma iyiphi into eceliwe—

(a) umahluleli odabeni;

(b) umuntu amalungelo akhe angase athintwe umyalelo ongenziwa yiNkantolo kuloko kuthethwa kwamacala; noma

(c) ummeli womuntu okukhulunywe ngaye endimeni (b).

(2) Isigaba sama-35(2), (3), (4) kanye no (5), kanye nesama-36 zoMthetho weziNkantolo eziPhakeme, ezifundwa nezinguquko ezidingwa yisimo, zisebenza kumuntu obizelwe ukuvela enkantolo ngokwesigatshana soku-(1) noma kudingwa ijaji ukuthi linikeze ubufakazi.

(3) Umuntu obizwe ukuvela enkantolo ngokwesigatshana soku-(1) futhi owathobela incwadi yokubizelwa enkantolo, unelungelo lokuthola usizo lwezimali zikahulumeni njengoba kuhlongozwe esigabeni sama-20.

Izimali zofakazi

20. (1) Ufakazi kunoma yikuphi ukuthethwa kwecala enkantolo kanye nanoma yimuphi umuntu ophelezela noma yimuphi ufakazi ngenxa yokuba umuntu omusha noma ngenxa yokuguga noma ukukhubazeka kwalowo fakazi, kufanele akhokhelwe lezo zibonelelo ezingahle zinqunywe ngokwesigaba sama-37 soMthetho Wezinkantolo Ezinkulu.

(2) Naphezu kwanoma yini ephambene equkethwe kunoma yimuphi omunye umthetho, iNkantolo inganquma ukuthi kungabikho zibonelelo noma ukuthi kube ingxenye yezibonelelo ezinqunyiwe okufanele zikhokhelwe kunoma yimuphi ufakazi.

Ukwamukelwa kobufakazi

21. (1) INkantolo, ecaleni lezikhalo ezingaphansi koMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba, ingabamukela ubufakazi, okuhlanganisa nobufakazi bomlomo, ebuthatha njengobubalulekile futhi obuhambisana nodaba eludingidayo, kungakhathalekile ukuthi lobo bufakazi bungamukelwa yini kunoma iyiphi enye inkantolo yomthetho.

(2) Ngaphandle kokudelela okujwayelekile kwesigatshana soku-(1), kuvumelekile ukuthi noma yiluphi uhlangothi eNkantolo lwethule—

(a) ubufakazi benzwabathi mayelana nezimo ezihambisana nokuphucwa kwelungelo noma amalungelo omhlaba kanye nemithetho elawula ukwabiwa kanye nokuthathwa komhlaba phakathi komphakathi ofaka izicelo ngesikhathi saloko kuphucwa umhlaba; futhi

(b) ubufakazi bochwepheshe mayelana namaqiniso omlando kanye nesayensi yesintu ehlobene nanoma yisiphi isicelo somhlaba.

(3) INkantolo kufanele inikeze lesi sisindo kunoma yibuphi ubufakazi obethulwe ngokwemibandela yesigatshana soku-(1) neses- (2) njengoba ibona kufanele.

(4) Noma nini lapho isinqumo, umyalelo noma elinye irekhodi leNkantolo kudingeka ukuba kuqinisekiswa noma kuhlolwe noma kudluliswe nganoma iyiphi indlela, ikhophi yaleso sinqumo, umyalelo noma elinye irekhodi eliqinisekiswa kanjalo ngumbhalisi weNkantolo ngaphansi kophawu lwayo kuwubufakazi obusobala balokho ngaphandle kobufakazi bobuqiniso besiginesha yombhalisi onjalo.

Part 4**Processes of Court and Offences****Scope and execution of process of Court**

22. (1) The process of the Court runs throughout the Republic and its sentences, rulings, judgments, writs, summonses, orders, warrants, commands and other processes, excluding a subpoena referred to in section 19 of this Act, must be executed in any area in like manner as if they were processes of a Division of the High Court having jurisdiction in such area. 5

(2) A sheriff or a deputy sheriff of the High Court appointed for the area in which any process is to be served, must execute all sentences, rulings, judgments, writs, summonses, orders, warrants, commands and other processes of the Court directed to them, and any reference in this Act to a sheriff or a deputy sheriff is deemed to be a reference to a sheriff or deputy sheriff of a Division of the High Court acting in terms of this section. 10

(3) A sheriff or deputy sheriff performing their duties in terms of this Act has all the powers and rights and is subject to all the obligations and duties applicable to the execution by such sheriff or deputy sheriff of the process of the Division of the High Court for which they are appointed. 15

(4) The return of a sheriff or a deputy sheriff of what has been done in connection with any process of the Court is *prima facie* evidence of the matters therein stated. 20

(5) A refusal by the sheriff or any deputy sheriff to perform any act which they are, in terms of this Act, empowered or obliged to do, is subject to review by the Court on application *ex parte* or on notice as the circumstances may require.

(6) Any warrant or other process for the execution of a judgment given or order issued against any association of persons, corporate or unincorporated, partnership or firm may be executed by attachment of the property or assets of such association, partnership or firm. 25

Offences relating to execution

23. Any person who commits any conduct referred to in section 46 of the Superior Courts Act, in relation to the execution by a sheriff or deputy sheriff of their duties in terms of this Act, commits an offence and is liable on conviction to a fine or to imprisonment for a period not exceeding one year. 30

Part 5**Powers of Court, conferences, Court orders, variation, rescission and costs****Powers of Court** 35

24. (1) Subject to Chapter 8 of the Constitution, the Court has—
- (a) all such powers in relation to matters falling within its jurisdiction as are possessed by a Division of the High Court having jurisdiction in civil proceedings at the place where the land in question is situated, including the powers of the High Court in relation to any contempt of Court; 40
 - (b) all the ancillary powers necessary or reasonably incidental to the performance of its functions, including the power to grant interlocutory orders and interdicts; and
 - (c) the power to decide any issue in terms of any other law, which is not ordinarily within its jurisdiction but is sufficiently connected to a matter within its jurisdiction, if the Court considers it to be in the interests of justice to do so. 45

Ingxenye 4**Izinqubo Zenkantolo Namacala****Ububanzi kanye nokuqaliswa kwenqubo Yenkantolo**

22. (1) Uhlelo lweNkantolo lusebenza kuyo yonke iRiphabhulikhi futhi izigwebo, izinqumo, izahlulelo, izincwadi ezivela enkantolo, amasamanisi, imiyalelo, izincwadi zemvume, imiyalelo kanye nezinye izinqubo, ngaphandle kokubizela enkantolo okukhulunywe ngakho esigabeni se-19 salo Mthetho, kufanele kusetshenziswe kunoma iyiphi indawo ngendlela efanayo njengokungathi kuyizinqubo zoPhiko lweNkantolo Ephakeme enegunya kuleyo ndawo. 5

(2) Usherifu noma isekela likasherifu weNkantolo Ephakeme oqokelwe indawo lapho kuzohanjiswa khona noma iyiphi inqubo, kufanele akhiphe zonke izigwebo, izinqumo, izahlulelo, izincwadi, amasamanisi, imiyalelo, izincwadi zemvume, imiyalelo kanye nezinye izinqubo zeNkantolo eziqondiswe kubo futhi noma iyiphi ireferensi kulo Mthetho kusherifu noma isekela likasherifu kuthathwa njengereferensi kasherifu noma isekela likasherifu woPhiko lweNkantolo Ephakeme esebenza ngokwalesi sigaba. 15

(3) Usherifu noma isekela likasherifu elenza umsebenzi walo ngokwemibandela yalo Mthetho linawo wonke amandla namalungelo futhi lingaphansi kwazo zonke izibopho nemisebenzi ephathelene nokwenziwa yilowo sherifu noma isekela likasherifu wenqubo yoPhiko lweNkantolo Ephakeme abaqokelwe yona. 20

(4) Ubufakazi bukasherifu noma isekela likasherifu ngalokho osekwenziwe mayelana nanoma iyiphi inqubo yeNkantolo kuwubufakazi obusobala bezindaba ezishiwo lapho.

(5) Ukwenqaba kukasherifu noma yinoma yimuphi usekela-sherifu ukwenza noma yisiphi isenzo abagunyazwe noma abaphoqelekile ukuba basenze ngokwalo Mthetho, kuncike ekubuyekweni kweNkantolo ngesicelo sohlangothi olulodwa noma ngesaziso njengoba izimo zingase zidinge. 25

(6) Noma iyiphi incwadi yemvume noma enye inqubo yokukhishwa kwesahlulelo esinikeziwe noma umyalelo okhishwe ngokumelene nanoma iyiphi inhlango yabantu, inkampani noma inkampani engekho emthethweni, ibhizinisi elihlanganyelwe noma ifemu ingase isetshenziswe ngokunamathiselwe kwempahla noma izimpahla zaleyo inhlango, ibhizinisi elihlanganyelwe noma ifemu. 30

Amacala amaqondana nokuqaliswa

23. Noma yimuphi umuntu owenza noma yikuphi ukuziphatha okukhulunywe ngakho esigabeni sama-46 soMthetho weziNkantolo eziNkulu, maqondana nokwenziwa kwemisebenzi kukasherifu noma isekela likasherifu ngokwalo Mthetho, wenza icala futhi uma etholakala enecala uyohlawuliswa inhlawulo noma ukugqunywa ejele isikhathi esingeqile kunyaka owodwa. 35

Ingxenye 5**Amandla Enkantolo, izingqungquthela, imiyalelo yeNkantolo, ukushintshashintsha, ukuchithwa kanye nezindleko**

40

Amandla Enkantolo

24. (1) Ngokuya ngeSahluko sesi-8 soMthethosisekelo, iNkantolo—
- (a) inawo wonke lawo mandla maqondana nezindaba eziwela ngaphansi kwamandla ayo okuphatha njengalawo oPhiko lweNkantolo Ephakeme enegunya lokubusa ezinkantolo zamacala omphakathi endaweni lapho umhlaba okukhulunywa ngawo ukhona, kubandakanya namandla eNkantolo Ephakeme maqondana nanoma yikuphi ukwedelelwa Inkantolo; 45
- (b) inawo wonke amandla asekelayo adingekayo noma ahambisana ngokuzwakalayo ekwenzeni imisebenzi yayo, okuhlanganisa amandla okunikeza imiyalelo lingakapheli icala nesivimbelo; futhi 50
- (c) inamandla okunquma noma yiluphi udaba ngokwanoma yimuphi omunye umthetho, ngokuvamile ongekho ngaphansi kwegunya lawo kodwa oluxhumene ngokwanele nodaba olungaphansi kwamandla ayo, uma iNkantolo ikubheka njengokokubhekelela ubulungiswa ukwenza kanjalo.

(2) (a) The Court, of its own accord or at the request of any party to the proceedings before it, may reserve, for the decision of the Supreme Court of Appeal, any question of law that arises in those proceedings.

(b) A question may be reserved only if it is decisive for the proper adjudication of the dispute. 5

(c) Pending the decision of the Supreme Court of Appeal on any question of law reserved in terms of paragraph (a), the Court may make any interim order.

(3) A judgment of the Court must be handed down as soon as reasonably possible.

(4) To the extent necessary, the Court may refer any suspicion or allegation of corruption in any proceedings before the Court to any relevant authority for investigation. 10

Conferences

25. (1) The Court may at any stage on its own accord or upon the request in writing of either party direct the parties or their representatives to appear before it in chambers for a conference to consider— 15

(a) the simplification of the issues;

(b) the necessity or desirability of amendments to the pleadings;

(c) the possibility of obtaining admissions of fact and of documents with a view to avoiding unnecessary proof;

(d) the limitation of the number of expert witnesses; or 20

(e) such other matters as may aid in the disposal of the action in the most expeditious and least costly manner.

(2) The Court must make an order which recites the action taken at the conference, the amendments allowed to the pleadings, and the agreements made by the parties as to any of the matters considered, and which limits the issues for trial to those not disposed of by admissions or agreements of the parties or their representatives. 25

(3) The order so made by the Court is binding on the parties unless altered at the trial to prevent manifest injustice.

(4) If a party refuses or neglects to appear at the conference the Court may, without derogation from its power to punish for contempt of court, make such order as it considers equitable in the circumstances and upon conclusion of the proceedings may order the party who was so absent to pay such costs as in the opinion of the Court were incurred as a result of the said absence. 30

(5) The Court may, after the holding of such a conference—

(a) issue such orders and directions as to the procedure to be followed before and during the trial as it deems appropriate; and 35

(b) make such order as to the costs of any proceedings under this section as it deems fit.

Court orders

26. (1) The Court may make any appropriate order, including— 40

(a) granting urgent interim relief;

(b) an interdict;

(c) an order directing the performance of any particular act, which order, when implemented, must remedy a wrong and give effect to the primary objects of this Act; 45

(d) a declaratory order;

(e) an award of damages in any circumstances contemplated in this Act;

(f) an order for costs;

(g) making any arbitration award or any settlement agreement an order of the Court; 50

(h) requesting the Commission to conduct an investigation to assist the Court and to submit a report to the Court; and

(i) any other appropriate order which a High Court is competent to make, and which relates to a matter under the jurisdiction of the Court.

- (2) (a) INkantolo, ngokuthanda kwayo noma, ngesicelo sanoma yiluphi uhlangothi ekuthethweni kwamacala aphambi kwayo, ingagodlela, isinqumo seNkantolo Enkulu Yezikhalazo, noma yimuphi umbuzo womthetho ovela ekuthethweni kwalawo macala.
- (b) Umbuzo ungagodlwa kuphela uma uthatha isinqumo sokuhlulela okufanele kwengxabano. 5
- (c) Kusalandwe isinqumo seNkantolo Enkulu Yezikhalazo kunoma yimuphi umbuzo womthetho ogodliwe ngokwendima (a), iNkantolo ingenza noma yimuphi umyalelo wesikhashana.
- (3) Isinqumo seNkantolo kumele sikhishwe ngokushesha okukhulu.
- (4) Ngokwezininga elidingekayo, iNkantolo ingadlulisela noma yiziphi izinsolo zenkohlakalo kunoma yikuphi ukuthethwa kwecala okuseNkantolo kunoma yisiphi isiphathimandla esifanele ukuze siphenywe. 10

Izingqungquthela

25. (1) INkantolo nganoma yisiphi isikhathi ngokuthanda kwayo noma ngesicelo esibhaliwe sanoma yiluphi uhlangothi ingayala abathintekayo noma abameleli babo ukuthi bavele phambi kwayo ukuzoba nengqungquthela yokudingida— 15
- (a) ukwenziwa lula kwezindaba;
- (b) isidingo noma isifiso sokuchitshiyelwa kwezikhalazo;
- (c) ithuba lokuthola ukwamukelwa kweqiniso kanye nemibhalo ngenhloso yokugwema ubufakazi obungadingekile; 20
- (d) umkhawulo wenani lofakazi abangochwepheshe; noma
- (e) nezinye izindaba ezingase zisize ekuchithweni kwesenzo ngendlela eshesha kakhulu nengabizi kakhulu.
- (2) INkantolo kumele yenze umyalelo osho isenzo esithathwe engqungqutheleni, izichibiyelo ezivunyelwe ekuqulweni kwecala, kanye nezivumelwano ezenziwa abathintekayo mayelana nanoma yiziphi izindaba ezicatshangwayo, futhi okubeka umkhawulo wezindaba ukuba ziqulwe kulezo ezingachithwanga ukwamukelwa noma izivumelwano zabathintekayo noma abameleli bazo. 25
- (3) Umyalo onjalo ubophezela abathintekayo ngaphandle kwalapho ushintshiwe ekuqulweni kwecala ukuze kuvinjelwe ukungabi nabulungiswa okusobala. 30
- (4) Uma uhlangothi lwenqaba noma ludembesela ukuvela engqungqutheleni iNkantolo, ngaphandle kokudelela amandla ayo okujezisa ngokwedelela inkantolo, ikhiphe lowo myalelo ewubona ufanelekile ezimweni futhi lapho sekuphuthulwa ukuqulwa kwecala ingayala lolu hlangothi obelungekho ecaleni ukuthi lukhokhe izindleko ngokubona kweNkantolo ezenzeke ngenxa yokungabikhona kwaloko okushiwo. 35
- (5) Ngenxa kokubamba ingqungquthela enjena inkantolo—
- (a) ingakhipha leyo myalelo neziqondiso mayelana nenqubo okufanele ilandelwe ngaphambi nangesikhathi sokuqulwa kwecala njengoba ibona kufanele; futhi 40
- (b) ingenza umyalelo onjalo nezindleko zanoma yikuphi ukuqulwa kwecala ngaphansi kwalesi sigaba ngendlela ebona kufanele ngayo.

Imiyalelo yeNkantolo

26. (1) INkantolo ingenza noma yimuphi umyalelo ofanelekile, okuhlanganisa— 45
- (a) ukunikeza usizo oluphuthumayo lwesikhashana;
- (b) isivimbelo;
- (c) umyalelo oqondisa ukwenziwa kwanoma yisiphi isenzo esithile, lowo myalelo, lapho sewenziwe, okufanele ulungise iphutha futhi ufezekise izinjongo eziyinhloko zalo Mthetho;
- (d) umyalelo wenkantolo ocacile; 50
- (e) ukukhokha izindleko kunoma yiziphi izimo ezihlongozwe kulo Mthetho;
- (f) umyalelo wezindleko;
- (g) ukwenza noma yisiphi isahlulelo noma yisiphi isivumelwano sesinxephezelo umyalelo weNkantolo;
- (h) ukucela iKhomishini ukuthi yenze uphenyo ukuze isize iNkantolo futhi ithumele umbiko eNkantolo; futhi 55
- (i) noma yimuphi omunye umyalelo ofanele iNkantolo Ephakeme enamandla okuwenza, futhi omayelana nodaba olungaphansi kwamandla eNkantolo.

(2) If at any stage after a dispute has been referred to the Court, it becomes apparent that it would advance the finalisation of the case if some or all of the disputes between the parties are referred to mediation, the Court may, if the Judge President did not make an order contemplated in section 13(2)(b) stay the proceedings and refer the dispute to mediation in terms of section 29 of this Act. 5

(3) The Court may in addition to subsection (1) make an order—

- (a) for the restoration of land, a portion of land or any right in land in respect of which the claim or any other claim is made to the claimant or award any land, a portion of or a right in land to the claimant in full or in partial settlement of the claim and, where necessary, the prior acquisition or expropriation of the land, portion of land or right in land: Provided that the claimant is not awarded land, a portion of land or a right in land dispossessed from another claimant or the latter's ascendant, unless—
 - (i) such other claimant is or has been granted restitution of a right in land or has waived the right to restoration of the right in land concerned; or 15
 - (ii) the Court is satisfied that satisfactory arrangements have been or will be made to grant such other claimant restitution of a right in land;
- (b) for the State to grant the claimant an appropriate right in alternative state-owned land and, where necessary, order the State to designate it; 20
- (c) for the State to pay the claimant compensation; 20
- (d) for the State to include the claimant as a beneficiary of a State support programme for housing or the allocation and development of rural land;
- (e) for the grant to the claimant of any alternative relief;
- (f) to determine conditions which must be fulfilled before a right in land can be restored or granted to a claimant; 25
- (g) if a claimant is required to make any payment before the right in question is restored or granted, to determine the amount to be paid and the manner of payment, including the time for payment;
- (h) if the claimant is a community, to determine the manner in which the rights are to be held or the compensation is to be paid or held; 30
- (i) to give any other directive as to how its orders are to be carried out, including the setting of time limits for the implementation of its orders;
- (j) in respect of compensatory land granted at the time of the dispossession of the land in question;
- (k) to give effect to any agreement between the parties regarding the finalisation of the claim; and 35
- (l) for costs as it deems just, including an order for costs against the State or the Commission.

(4) An order contemplated in subsection (3)(h) must be subject to such conditions as the Court considers necessary to ensure that all the members of the dispossessed community have access to the land or the compensation in question, on a basis which is fair and non-discriminatory towards any person, including a tenant, and which ensures the accountability of the person who holds the land or compensation on behalf of the community to the members of such community. 40

(5) The Court's power to order the restitution of a right in land or to grant a right in alternative state-owned land must include the power to adjust the nature of the right previously held by the claimant, and to determine the form of title under which the right may be held in future. 45

(6) In making any award of land, the Court may direct that the rights of individuals to that land be determined in accordance with the procedures set out in the Distribution and Transfer of Certain State Land Act, 1993 (Act No. 119 of 1993). 50

(7) An order of the Court has the same force as an order of a court for the purposes of the Deeds Registries Act, 1937 (Act No. 47 of 1937).

(2) Uma kunoma yisiphi isigaba ngemva kokuba ingxabano isidluliselwe eNkantolo, kuba sobala ukuthi izoqhubezela phambili ukuphothulwa kwecala uma ezinye noma zonke izingxabano phakathi kwezinhlangothi zidluliselwa ekuzazululweni, iNkantolo ingakwazi, uma iJaji elinguMongameli lingazange likhiphe umyalelo ohlongozwe esigabeni se-13(2)(b) amise ukuqhubeka kwecala futhi adlulisele ingxabano kumlamuli ngokwesigaba sama-29 salo Mthetho. 5

(3) INkantolo ngaphezu kwesigatshana soku-(1) ingenza umyalelo—

- (a) wokubuyiswa komhlaba, ingxenye yomhlaba noma yiliphi ilungelo kumhlaba lapho isimangalo noma esinye isicelo senziwa kumfakisicelo noma sinikeze noma yimuphi umhlaba, ingxenye noma ilungelo lomhlaba kumfakisicelo ngokugcwele noma ukukhokhelwa ingxenye yesicelo futhi, lapho kunesidingo, ukutholwa noma ukuphucwa komhlaba ngaphambili, ingxenye yomhlaba noma ilungelo lomhlaba: Kuncike ekutheni umfakisicelo akanikezwanga umhlaba, ingxenye yomhlaba noma ilungelo kumhlaba ophucwe omunye umfakisicelo noma okwenyuka kwakamuva, ngaphandle uma— 10
- (i) lowo omunye umfakisicelo unikezwe noma unikiwe ukubuyiselwa kwelungelo lomhlaba noma uyeke ilungelo lokubuyiselwa kwelungelo lomhlaba othintekayo; noma 15
- (ii) INkantolo yanelisekile ngokuthi kwenziwe izinhlelo ezigculisayo noma zizokwenziwa ukuze kunikezwe lowo mfakisicelo ukubuyiselwa kwelungelo lomhlaba; 20
- (b) ukuze uMbuso unikeze umfakisicelo ilungelo elifanele komunye umhlaba wombuso futhi, lapho kunesidingo, uyalele uMbuso ukuba uwuqoke; 25
- (c) ukuze uMbuso ukhokhele umfakisicelo isinxephezelo; 25
- (d) ukuze uMbuso ufake umfakisicelo njengomhlomuli wohlelo lukahulumeni lokuxhasa ngezindlu noma ukwabiwa nokuthuthukiswa komhlaba wasemaphandleni; 30
- (e) ukuze kusizwe umfakisicelo nganoma iyiphi enye indlela yokukhululwa; 30
- (f) ukunquma imibandela okufanele igcwaliseke ngaphambi kokuba ilungelo lomhlaba libuyiselwe noma linikezwe umfakisicelo; 30
- (g) uma kudingeka ukuthi umfakisicelo akhokhe ngaphambi kokuba ilungelo okukhulunywa ngalo libuyiselwe noma linikezwe, ukuze kunqunywe inani okufanele likhokhwe kanye nendlela yokukhokha, kuhlanganisa nesikhathi sokukhokha; 35
- (h) uma umfakisicelo kungumphakathi, ukuze inqume indlela amalungelo azophathwa ngayo noma isinxephezelo okufanele sikhokhwe noma sibanjwe; 40
- (i) ukunikeza noma yimuphi omunye umyalelo wokuthi imiyalo yayo kufanele yenziwe kanjani, okuhlanganisa nokubeka imikhawulo yesikhathi sokusetshenziswa kwemiyalo yayo; 40
- (j) mayelana nomhlaba oysinxepehelo owanikezwa ngesikhathi kuphucwa umhlaba okukhulunywa ngawo; 45
- (k) ukuqalisa ukusebenza kwanoma yisiphi isivumelwano phakathi kwezinhlangothi mayelana nokuphothulwa kwesimangalo; 45
- (l) ngezindleko njengoba libona kufanelekile, okuhlanganisa umyalelo wezindleko ezibhekiswe kuMbuso noma iKhomishana. 45

(4) Umyalelo ohlongozwe esigatshaneni sesi-(3)(h) kumele uhambisane nemibandela iNkantolo ebona inesidingo ukuze iqinisekise ukuthi wonke amalungu omphakathi owaphucwa umhlaba ayawuthola umhlaba noma isinxephezelo okukhulunywa ngaso, ngendlela enobulungiswa futhi engabandlululi kunoma yimuphi umuntu, kuhlanganisa nesiqashi, futhi okuqinisekisa ukuziphendulela komuntu ophethe umhlaba noma isinxephezelo egameni lomphakathi kumalungu alowo mphakathi. 50

(5) Amandla eNkantolo okuyala ukubuyiselwa kwelungelo lomhlaba noma ukunikeza ilungelo komunye umhlaba wombuso kufanele uhlanganise amandla okulungisa uhlobo lwelungelo elaliphethwe ngumfakisicelo, kanye nokunquma uhlobo lwetayitela ilungelo ingase ibanjwe esikhathini esizayo. 55

(6) Ekwenzeni noma yikuphi ukukhokhwa komhlaba, iNkantolo ingayalela ukuthi amalungelo abantu kulowo mhlaba anqunywe ngokuhambisana nezinqubo ezibekwe kuMthetho Wokwabiwa Nokudluliswa Komhlaba WoMbuso, 1993 (uMthetho 119 we-1993). 60

(7) Umyalelo weNkantolo unamandla afanayo nomyalelo wenkantolo ngezinhloso zoMthetho Wokubhaliswa Kwamatayitela, we-1937 (uMthetho 47 we-1937).

(8) Any state-owned land contemplated in the Restitution of Land Rights Act, which is held under a lease or similar arrangement, must be deemed to be in the possession of the State for the purposes of subsection (3)(a): Provided that, if the Court orders the restoration of a right in such land, the lawful occupier thereof is entitled to just and equitable compensation determined either by agreement or by the Court. 5

(9) An interested party who is of the opinion that an order of the Court has not been fully or timeously complied with may make application to the Court for further directives or orders in that regard.

(10) Any direction or ruling made by the Court has the force and effect of an order of the Court. 10

Variation and rescission of orders of Court

27. The Court may, on application of any person affected thereby, or acting of its own accord in cases falling under paragraph (b), and subject to the rules, vary or rescind any judgment or order—

- (a) erroneously sought or erroneously granted in the absence of the person against whom that judgment or order was granted; 15
- (b) in which there is an ambiguity, or an obvious error or omission, but only to the extent of that ambiguity, error or omission;
- (c) which was void from its inception or was obtained by fraud or mistake common to the parties; or 20
- (d) in respect of which no appeal lies.

Costs

28. (1) The Court may make an order for the payment of costs, according to the requirements of the law and fairness.

(2) When deciding whether or not to order the payment of costs, the Court may take into account— 25

- (a) whether the matter referred to the Court ought to have been referred to mediation or arbitration, and, if so, the extra costs incurred in bringing the matter to the Court directly; and
- (b) the conduct of the parties— 30
 - (i) in proceeding with or defending the matter before the Court; and
 - (ii) during the proceedings before the Court.

(3) The Court may order costs against a party to the dispute or against any person who represented that party in those proceedings before the Court.

Part 6 35

Mediation and settling of matters

Mediation

29. (1) Notwithstanding the provisions of section 13(2)(b) of this Act, if, at any stage during proceedings, but prior to judgment, it becomes evident to the presiding judge that there is any issue which might be resolved through mediation, the presiding judge may make an order— 40

- (a) directing the parties to attempt to settle the issue through a process of mediation; and
- (b) that the proceedings be stayed pending such process.

(2) (a) If the Judge President as contemplated in section 13(2), or the presiding judge in terms of subsection (1), decides that the matter must be referred for mediation, the Judge President or presiding judge must make an order— 45

- (i) directing the registrar to transfer the matter in the manner provided for in the rules to the mediator contemplated in subparagraph (iii);
- (ii) specifying the time, date and the place where such process is to start; and 50

(8) Noma yimuphi umhlaba wombuso ohlongozwe kuMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba, ophethwe ngaphansi kwesivumelwano sokuqashisa noma esifana naso kumele uthathwe njengowoMbuso ngezinhloso zesigatshana zesi-(3)(a): Kuncike ekutheni, uma Inkantolo iyalela ukubuyiselwa kwelungelo kulowo mhlaba, umhlali kuwo osemthethweni unelungelo lesinxephezelo esinobulungiswa nesilinganayo esinqunywa isivumelwano noma iNkantolo. 5

(9) Umuntu onentshisekelo onombono wokuthi umyalelo weNkantolo awulandelwanga ngokugcwele noma ngesikhathi, angenza isicelo eNkantolo ukuze uthole ezinye iziqondiso noma imiyalelo mayelana nalokho.

(10) Noma isiphi isiqondiso noma isinqumo esenziwe yiNkantolo sinamandla nomthelela womyalelo weNkantolo. 10

Ukushintshashintsha nokuchithwa kwemiyalelo yeNkantolo

27. Inkantolo, izenzela ngokuthanda kwayo, noma ngesicelo sanoma yiluphi uhlangothi oluthintekayo emacaleni angena ngaphansi kwendima (b), futhi ngokuncika emithethweni ingashintsha noma ichithe isinqumo, isahlulelo noma umyalelo— 15

- (a) okufunwe ngephutha noma okunikezwe ngephutha kungekho umuntu esasikhishelwe yena isahlulelo noma umyalelo;
- (b) lapho kunokungaqondakali, noma iphutha elisobala noma ukweqiwa, kodwa kuphela ngokwezinga lalokho kungaqondakali, iphutha noma ukweqiwa;
- (c) okwakungekho kusukela ekuqaleni kwayo noma eyatholwa ngokukhwabanisa noma iphutha elivamile kwabathintekayo; noma 20
- (d) okungekho sikhalazo ngakho.

Izindleko

28. (1) INkantolo ingenza umyalelo wokukhokhwa kwezindleko, ngokuhambisana nezidingo zomthetho kanye nokungenzeleli. 25

(2) Lapho inquma ukuthi iwukhiphe noma ingawukhiphi umyalelo wokukhokhwa kwezindleko, iNkantolo ingase icabangele—

- (a) ukuthi ngabe udaba oludluliselwe eNkantolo bekufanele ludluliselwe ekulamuleni noma ekuxazululeni, futhi, uma kunjalo, izindleko ezengeziwe ezitholwe ekuletheni udaba eNkantolo ngqo; kanye 30
- (b) ukuziphatha kwezinhlangothi—
 - (i) ekuqhubeni noma ekuvikeleni udaba oluphambi kweNkantolo; kanye
 - (ii) nangezikhathi kuqhubeka icala eNkantolo.

(3) INkantolo ingakhipha isinqumo ngezindleko ezibhekiswe kothile engxabanweni noma kunoma yimuphi umuntu owayemele lolo hlangothi kulezo zinqubo eziphambi kweNkantolo. 35

Ingxenye 6

Ukulamula nokulungisa izindaba

Ukulamula

29. (1) Ngaphandle kwemihlinzeko yesigaba se-13(2)(b) salo Mthetho, uma, kunoma yisiphi isigaba ngesikhathi sokuqulwa kwecala, kodwa ngaphambi kwesinqumo, kuba sobala ejajini eliphethe ukuthi kukhona noma yiluphi udaba olungaxazululwa ngokulamula, ijaji lingenza umyalelo— 40

(a) wokuyala abathintekayo ukuthi bazame ukuxazulula udaba ngenqubo yokulamula; futhi 45

(b) wokuthi kumiswe ukuqulwa kwalolu daba.

(2) (a) Uma iJaji elinguMongameli njengoba kuhlongozwe esigabeni se-13(2), noma ijaji elengamele ngokwesigatshana soku-(1) linquma ukuthi udaba kumele ludluliselwe ukulanyulwa, iJaji elinguMongameli noma ijaji elengamele kufanele likhiphe umyalelo— 50

- (i) wokuyala umbhalisi ukuthi adlulisele udaba ngendlela ehlinzekwe emithethweni kumxazululi ohlongozwe endinyaneni (iii);
- (ii) wokucacisa isikhathi, usuku kanye nendawo lapho inqubo enjalo izoqala khona; futhi

- (iii) appointing a fit and proper person as mediator to chair the first meeting between the parties: Provided that the parties may at any time during the course of mediation, by agreement, appoint another person to mediate the dispute.
- (b) When making an order contemplated in paragraph (a), the Judge President or the presiding judge may attach to the order any comments the Judge President or the presiding judge deems necessary for the attention of the mediator. 5
- (3) The Rules Board must make rules for the—
- (a) appointment of a mediator;
 - (b) procedure for referral of matters to the mediator;
 - (c) process by which mediation is initiated, and the form, content and use of that process; 10
 - (d) joinder of any person having an interest in the dispute in any mediation proceedings;
 - (e) proceedings of mediation;
 - (f) prescribed forms to be used by parties in respect of mediation proceedings; 15
 - (g) right of any party to be represented by any person or category of persons in any mediation proceedings, including the regulation or limitation of the right to be represented in those proceedings;
 - (h) consequences for any party to mediation proceedings for not attending those proceedings; 20
 - (i) qualification for appointment as mediator;
 - (j) fees that are payable for mediation;
 - (k) appointment, powers and functions of a mediator; and
 - (l) issuance of an order at the conclusion of the proceedings. 25
- (4) On receipt of an order referred to in subsection (2), the registrar must transfer the matter and notify the parties to the matter of the transfer in the manner provided for in the rules. 25
- (5) On receipt of a matter, the mediator must deal with the matter expeditiously in terms of their powers and functions as provided for in the rules.
- (6) If— 30
- (a) the parties to the mediation are not able to resolve the matter to the satisfaction of all the parties; or
 - (b) one or more of the parties to the mediation so request,
- the mediator must, in the manner provided for in the rules, refer the matter to the Court for adjudication. 35
- (7) A mediator appointed in terms of subsection (2)(a)(iii) who is not in the full-time service of the State, may be paid such remuneration and allowances as prescribed.
- (8) All discussions taking place and all disclosures and submissions made during the mediation process are privileged, unless the parties agree to the contrary.
- (9) The Court may make the agreement reached between the parties an order of the Court, with or without such technical variations as may be appropriate. 40
- (10) If the Court proposes to make any technical variation to the agreement, it must give the parties to the proceedings in the manner provided for in the rules notice of such intention, and before making such variation, it must receive and consider any comments from the parties. 45

Settling of matters

- 30.** (1) If a matter is settled out of Court, either by means of negotiation or mediation, and the settlement agreement is accepted by all parties involved in the matter, the registrar of the Court must, if the parties agree thereto, submit the settlement agreement to the Court for confirmation or rejection. 50

- (iii) ukuqoka umuntu onamandla nofanele njengomxazululi ukuba abe ngusihlalo womhlangano wokuqala phakathi kwezinhlangothi: Kuncike ekutheni izinhlangothi noma ngasiphi isikhathi phakathi nokulamula, ngesivumelwano, ziqoke omunye umuntu ozolamula ingxabano.
- (b) Lapho lenza umyalo ohlongozwe endimeni (a) iJaji elinguMongameli, noma ijaji elengamele linganamathisela kulowo myalelo noma yikuphi ukuphawula kweJaji elinguMongameli noma ijaji elengamele elikubona kudingekile ukuze kubhekwe umxazululi. 5
- (3) Ibhodi Lemithetho kumele lenze imithetho—
- (a) yokuqokwa komlamuli; 10
- (b) yenqubo yokudluliselwa kwezindaba kumxazululi;
- (c) yenqubo okuqalwa ngayo ukulamula, kanye nesimo, okuqukethwe kanye nokusetshenziswa kwaleyo nqubo;
- (d) yokuhlanganiswa kwanoma yimuphi umuntu onentshisekelo engxabanweni kunoma yiziphi izinyathelo zokulamula ekuthethweni kwamacala ukuze kulanyulwe; 15
- (e) ukuthethwa kwamacala ukuze kulanyulwe;
- (f) amafomu anqunyiwe okufanele asetshenziswe amaqembu mayelana nezinqubo zokulamula;
- (g) ilungelo lanoma yiliphi iqembu lokumelwa yinoma yimuphi umuntu noma isigaba sabantu kunoma yikuphi ukuthethwa kwamacala ukuze kulanyulwe, okuhlanganisa ukulawulwa noma ukuncishiswa kwelungelo lokumelwa kulezo zinqubo; 20
- (h) imiphumela yanoma yiluphi uhlangothi ekuthethweni kwamacala ukuze kuxazululwe ngokungathameli lokho kuqulwa; 25
- (i) izimfanelo zokuqokwa njengomlamuli;
- (j) izimali ezikhokhelwa ukulamula;
- (k) ukuqokwa, amandla nemisebenzi yomlamuli; kanye
- (l) nokukhishwa komyalelo ekupheleni kwecala.
- (4) Lapho ethola umyalelo okukhulunywe ngawo esigatshaneni sesi-(2), umbhalisi kufanele adlulisele udaba futhi azise izinhlangothi ngodaba lokudlulisa ngendlela ehlinzekwe emithethweni. 30
- (5) Lapho ethola udaba, umxazululi, kufanele aludingide lolu daba ngokushesha ngokwamandla nemisebenzi yakhe njengoba kunqunyiwe.
- (6) Uma— 35
- (a) abathintekayo ekulamuleni bengakwazi ukuxazulula udaba ngendlela eculisa bonke abathintekayo; noma
- (b) Oyedwa noma ngaphezulu kwabathintekayo ekulamuleni ngakho isicelo, umxazululi kumele, ngendlela ebekwe emithethweni adlulisele udaba enkantolo ukuze lahlulelwe. 40
- (7) Umxazululi oqokwe ngokwesigatshana sesi-(2)(a)(iii), ongaqashiwe uMbuso ngokugcwele angakhokhelwa lelo holo kanye nezibonelelo njengoba kunqunyiwe.
- (8) Zonke izingxoxo ezenzekayo kanye nakho konke ukudalulwa kanye nezethulo ezenziwe ngesikhathi senqubo yokulamula zinelungelo, ngaphandle uma izinhlangothi zingavumelani nalokho. 45
- (9) INkantolo ingenza isivumelwano esifinyelelwe phakathi kwezinhlangothi kube umyalelo weNkantolo, ngokuhluka kobuchwepheshe noma ngaphandle kwabo njengoba kungadingeka.
- (10) Uma iNkantolo ihlongoza ukwenza noma yikuphi ukuguquguquka kwezobuchwepheshe esivumelwaneni, kufanele inikeze abathintekayo ekuthethweni kwecala ngendlela ehlinzekwe emithethweni isaziso saleyo nhloso, futhi ngaphambi kokwenza lokho kuhluka, kufanele yamukele futhi icubungule noma yikuphi ukuphawula kwabathintekayo. 50

Ukulungisa izindaba

30. (1) Uma udaba luxazululwa ngaphandle kweNkantolo, kungaba ngokuxoxisana noma ngokulamula futhi isivumelwano sokuxazulula ngaleyo ndlela samukelwe yizo zonke izinhlangothi ezithintekayo odabeni, umbhalisi weNkantolo kufanele, uma izinhlangothi zivumelana nalokho, athumele isivumelwano sokuxazulula eNkantolo ukuze siphasiswe noma sinqatshwe. 55

- (2) The Court must consider the settlement agreement and may—
- (a) confirm the settlement agreement and make it an order of the Court; or
 - (b) before deciding the matter, refer the settlement agreement to the parties for reconsideration of any specific issues.

CHAPTER 5

5

APPEALS AGAINST JUDGMENT OR ORDER OF COURT AND OF OTHER COURTS

Appeals against judgment or order of Court

- 31.** (1) Subject to section 15(1) of the Superior Courts Act, the Constitution and any other law— 10
- (a) an appeal against any decision of the Court of first instance lies, upon leave having been granted—
 - (i) if the Court consisted of a single judge, either to the Supreme Court of Appeal or to a full court, depending on the direction issued in terms of section 17(6) of the Superior Courts Act; or 15
 - (ii) if the Court consisted of more than one judge, to the Supreme Court of Appeal; and
 - (b) an appeal against any decision of a full court on appeal to it, lies to the Supreme Court of Appeal upon special leave having been granted by the Supreme Court of Appeal. 20
- (2) No judge may sit at the hearing of an appeal against a judgment or an order given in a case that was heard before that judge.
- (3) No appeal lies against a judgment or order of the Court except with leave of the Court or, where such leave has been refused, with the leave of the full court and failing that with leave of the Supreme Court of Appeal. 25
- (4) An appeal from a judgment or order of the Court must be heard by a full court in open court.
- (5) The full court or the Supreme Court of Appeal may, in granting leave to appeal, vary any order for costs made by the Court or the full court in refusing leave to appeal.
- (6) The power to grant leave to appeal as contemplated in subsection (3)— 30
- (a) is not limited by reason only of the value of the matter in dispute or the amount claimed or awarded in the suit or by reason only of the fact that the matter in dispute is incapable of being valued in money; and
 - (b) is subject to the provisions of any other law which specifically limits it or specifically grants, limits or excludes any right of appeal. 35
- (7) Leave to appeal may be granted subject to such conditions as the Court, the full court or the Supreme Court of Appeal, as the case may be, considers appropriate, including a condition that the applicant files security for the costs of the appeal.
- (8) The full court may grant leave to appeal on application made to it within 15 days, or such longer period as may on good cause be allowed, after the Court has refused leave to appeal. 40
- (9) (a) An application to the full court in terms of subsection (8) must—
- (i) be brought on notice of motion supported by an affidavit as to the facts upon which the applicant relies for relief; and
 - (ii) be addressed to the registrar of the Court and to all other parties in the proceedings before the Court. 45
- (b) The application must be considered by two judges of the Court designated by the Judge President of the Court, and in the case of a difference of opinion, also by the Judge President of the Court or any other judge so designated.

- (2) INkantolo kufanele yamukele isivumelwano sokunxeshezela futhi—
- (a) ingaqinisekisa isivumelwano sokunxeshezela futhi isenze umyalelo weNkantolo; noma
- (b) ngaphambi kokuthatha isinqumo ngodaba, dlulisela isivumelwano sokunxeshezela kwabathintekayo ukuze kucutshungulwe kabusha noma yiziphi izindaba ezithile. 5

ISAPHLUKO 5

IZIKHALO MAQONDANA NESAPHLULELO NOMA UMYALELO WENKANTOLO KANYE NEZINYE IZINKANTOLO

Izikhalo maqondana nesaphulelo noma umyalelo wenkantolo 10

31. (1) Ngokuhambisana nesigaba se-15(1) soMthetho Wezinkantolo Ezinkulu, umthethosisekelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho—
- (a) isikhhalazo sananoma yisiphi isahlulelo seNkantolo ehlezi njengenkantolo yokuqala silele, lapho ikhefu selikhishiwe—
- (i) uma iNkantolo yakhiwe ijaji elilodwa, kungaba yiNkantolo Enkulu Yezikhhalazo noma inkantolo enamajaji aphelele, kuye ngesiqondiso esikhishwe ngokwesigaba se-17(6) soMthetho Wezinkantolo Ezinkulu; noma 15
- (ii) uma iNkantolo inamajaji angaphezu kwelilodwa, eNkantolo Enkulu Yezikhhalazo; futhi 20
- (b) isikhhalo esiphikisana nanoma yisiphi isinqumo senkantolo enamajaji aphelele mayelana nesikhhalazo kuso, silele eNkantolo Enkulu Yezikhhalazo uma sinikezwe ikhefu elikhethekile yiNkantolo Enkulu Yezikhhalazo.
- (2) Alikho ijaji eliyohlala ekulalelweni kwesikhhalazo ngesahlulelo noma umyalelo okhishwe ecaleni elaqulwa phambi kwalelo jaji. 25
- (3) Asikho isikhhalo esincikene nesinqumo noma umyalelo weNkantolo ngaphandle kwemvume yeNkantolo noma, lapho leyo mvume inqatshiwe, ngemvume yenkantolo enamajaji aphelele futhi makwehluleka lokho ngemvume yeNkantolo Enkulu Yezikhhalazo.
- (4) Isikhhalazo esivela esahlulelweni noma emyalelweni weNkantolo kufanele kulalelwe yinkantolo enamajaji aphelele enkantolo evulelekile. 30
- (5) Inkantolo enamajaji aphelele noma iNkantolo Enkulu Yezikhhalazo, lapho inikeza imvume yokukhalaza, iguqule noma yimuphi umyalelo ngezindleko ezenziwe yiNkantolo noma inkantolo enamajaji aphelele ngokwenqaba imvume yokukhalaza.
- (6) Amandla okunikeza imvume yokukhalaza njengoba kuhlangozwe esigatshaneni soku(1)— 35
- (a) akunqunyelwe kuphela ngesizathu sesisindo sodaba oluphikiswayo noma inani elifunwayo noma elikhishwe ecaleni noma ngesizathu kuphela sokuthi udaba okuphikiswana ngalo alukwazi ukulinganiswa ngemali; futhi
- (b) angaphansi kwemihlinzeko yanoma yimuphi omunye umthetho okubeka umkhawulo ngokuqondile noma onikeza ngokuqondile, umkhawulo noma ongafaki noma yiliphi ilungelo lokukhalaza. 40
- (7) Imvume yokudlulisa icala inganikezwa kuncike ezimweni ezifana neNkantolo, inkantolo enamajaji aphelele noma iNkantolo Enkulu Yezikhhalazo, ngendlela isimo esingaba ngayo, esibona sifanelekile, okuhlanganisa umbandela wokuthi umfakisicelo athumele isibambiso ngezindleko zesikhhalazo. 45
- (8) Inkantolo enamajaji aphelele inganikeza imvume yokufaka isikhhalo esicelweni esifakwe kuyo zingakapheli izinsuku eziyi-15, noma isikhathi eside esingavunyelwa ngesizathu esihle, ngemva kokuba iNkantolo yenqabe imvume yokukhalaza.
- (9) (a) Isicelo esiya enkantolo enamajaji aphelele ngokwesigatshana sesi-(6) kufanele— 50
- (i) balethwe ngesaziso sesiphakamiso esisekelwa yincwadi efunjelwe mayelana namaqiniso umfakisicelo athembele kuwo ukuze athole usizo; futhi
- (ii) ziqondiswe kumbhalisi Wenkantolo kanye nabo bonke abathintekayo ekuthethweni kwamacala eNkantolo. 55
- (b) Isicelo kufanele sicutshungulwe amajaji amabili eNkantolo aqokwe iJaji elinguMongameli Wenkantolo, futhi esimweni lapho kunokuhlukana kwemibono, nayiJaji elinguMongameli Wenkantolo nanoma yiliphi elinye ijaji eliqokiwe.

(c) The judges considering the application may order that the application be argued before them at a time and place appointed, and may, whether or not they have so ordered—

- (i) grant or refuse the application; or
- (ii) refer the application to the full court for consideration, whether upon argument or otherwise, 5

and where an application has been so referred, the full court may thereupon grant or refuse the application.

(d) The decision of the majority of the judges considering the application, or the decision of the full court, as the case may be, to grant or refuse the application, is final. 10

(e) Notice of the date and place fixed for the hearing of the application must be given to the applicant and the respondent by the registrar of the Court.

(10) The full court, on the hearing of any appeal from the Court, has the power to—

- (a) receive further evidence;
- (b) remit the case to the Court for further hearing, with such instructions as regards the taking of further evidence or otherwise as the full court considers necessary; or 15
- (c) confirm, amend or set aside the judgment or order which is the subject of the appeal and to give any judgment or make any order which the circumstances may require. 20

(11) Nothing in this section may be construed as preventing an appeal from a judgment or order of the Court being made directly to the Constitutional Court, if such an appeal is allowed by national legislation and by the rules of the Constitutional Court.

Appeals against judgment or order of other courts

32. The rules must provide for the manner in which appeals must be lodged with the Court, and the processes that the Court must follow in hearing appeals against judgments and orders of other courts. 25

CHAPTER 6

GENERAL PROVISIONS

General provisions applicable to Court 30

33. The provisions of the Superior Courts Act, read with the changes required by the context, apply in respect of any matter not provided for in this Act, to the extent that they are not inconsistent with this Act.

Removal of action or proceedings

34. (1) If any action or proceedings have been instituted in the Court sitting in any area of jurisdiction, and it appears to the Court sitting in that area that such action or proceedings— 35

- (a) should have been instituted in the Court sitting in another area of jurisdiction within the same province; or
- (b) would be more conveniently or more appropriately heard or determined— 40
 - (i) by the Court sitting in another area of jurisdiction within the same province;
 - (ii) at the seat of the Court if the proceedings have been instituted in the Court sitting at another area of jurisdiction within the same province; or
 - (iii) at another area of jurisdiction if the proceedings have been instituted at the seat of the Court within the same province, 45

the Court sitting in that area may, upon application by any party thereto and after hearing all other parties thereto, order such action or proceedings to be removed to the Court sitting at another area of jurisdiction or to the seat of the Court, as the case may be.

- (c) Amajaji acubungula isicelo angase akhiphe umyalelo wokuthi isicelo siphikiswe phambi kwawo ngesikhathi nasendaweni eqokiwe, futhi, noma ngabe bayalile noma cha—
- (i) anikeze noma enqabe isicelo; noma
- (ii) adlulisele isicelo enkantolo enamajaji aphelele ukuze sicutshungulwe, kungaba ngengxabano noma ngenye indlela, 5
- futhi lapho isicelo sesidluliselwe kanjalo, inkantolo enamajaji aphelele ingasivumela noma isinqabe isicelo.
- (d) Isinqumo seningi lamajaji acubungula isicelo, noma isinqumo senkantolo enamajaji aphelele, ngendlela okungaba ngayo, ukuvuma noma ukwenqaba isicelo, singujuqu. 10
- (e) Isaziso sosuku nendawo emisiwe yokulalelwa kwesicelo kumele sinikezwe umfakisicelo kanye nommangalelwa ngunobhala Wenkantolo.
- (10) Inkantolo enamajaji aphelele, lapho kulalelwa noma yisiphi isikhalo esivela eNkantolo, inamandla— 15
- (a) okwamukela obunye ubufakazi;
- (b) okudlulisela icala eNkantolo ukuze liqhubeke liqulwe, kanye nemiyalelo emayelana nokuthathwa kobunye ubufakazi noma ngenye indlela inkantolo enamajaji aphelele ebona ifanele; noma
- (c) okuqinisekisa, ichibiyele noma ibeke eceleni isahlulelo noma umyalelo okuyisihloko sesikhhalazo futhi ikhiphe noma yisiphi isahlulelo noma yenze noma yimuphi umyalelo izimo ezingawudinga. 20
- (11) Akukho okukulesi sigaba okungahunyushwa njengokuthi kuvimbela isikhhalazo esahlulelweni noma emyalelweni weNkantolo owenziwe ngqo eNkantolo yoMthethosisekelo, uma leso sikhhalazo sivunyelwa ngumthetho kazwelonke kanye nemithetho yeNkantolo yoMthethosisekelo. 25

Izikhalo maqondana nesahlulelo noma umyalelo wezinye izinkantolo

32. Imithetho kumele ihlinzekele indlela izikhalo okufanele zifakwe ngayo eNkantolo, kanye nezinqubo okufanele zilandelwe iNkantolo ekulaleni izikhalo eziphikisana nezahlulelo nemiyalelo yezinye izinkantolo. 30

ISIAHLUKO 6

IMIHLINZEKO EJWAYELEKILE

Imihlinzeko ejwayelekile esebenza eNkantolo

33. Imihlinzeko yoMthetho Wezinkantolo Ezinkulu, efundwa nezinguquko ezidingwa yingqikithi, isebenza maqondana nanoma yiluphi udaba olungahlinzekiwe kulo Mthetho, ngendlela yokuthi ayihambisani nalo Mthetho. 35

Ukususwa kwesinyathelo noma izinqubo

34. (1) Uma kukhona isinyathelo noma izinqubo ezimiswe kwiNkantolo ehlezi kunoma iyiphi indawo yomthetho, bese kuvela eNkantolo ehlezi kuleyo ndawo ukuthi leso sinyathelo noma ukuqulwa kwamacala— 40
- (a) bekufanele kumiswe eNkantolo ehlezi kwenye indawo yomthetho ngaphakathi kwesifundazwe esifanayo; noma
- (b) ingazwakala kancono noma ngokufanele noma inqunywe—
- (i) iNkantolo ehlezi kwenye indawo yomthetho ngaphakathi kwesifundazwe esifanayo; 45
- (ii) esihlalweni seNkantolo uma izinqubo zamiswa eNkantolo ehlezi kwenye indawo yomthetho ngaphakathi kwesifundazwe esifanayo; noma
- (iii) kwenye indawo yomthetho uma izinqubo zike zamiswa esihlalweni seNkantolo kwisifundazwe esifanayo, 50
- INkantolo ehlezi kuleyo ndawo, uma kufakwe isicelo sanoma yiluphi uhlangothi ngalokho nangemva kokuzwa zonke ezinye izihlangothi ngalokho, ingayalela ukuba kuthathwe leso sinyathelo noma izinqubo ukuba kususwe kuyiswe eNkantolo ehlezi kwenye indawo yomthetho noma esihlalweni seNkantolo, kuye ngokuthi yikuphi.

- (2) The provisions of this section apply, with necessary changes required by the context, to the removal of an action or proceedings from—
- (a) the Court to a Division of the High Court; and
 - (b) a Division of the High Court to the Court,
- within the same province. 5
- (3) An order for removal—
- (a) under subsection (1) must be transmitted to the registrar of the Court to which the removal is ordered; and
 - (b) under subsection (2) must be transmitted to the registrar of the Court or the High Court, as the case may be, to which the removal is ordered, 10
- and upon the receipt of such order the Court or the High Court, as the case may be, may hear and determine the action or proceedings in question.

Transitional arrangements

35. (1) (a) Any proceedings arising out of the application of this Act or any other law conferring jurisdiction on the Court, pending in any court other than the Land Claims Court established by section 22 of the Restitution of Land Rights Act, at the commencement of this Act must be continued and concluded in every respect as if this Act had not been passed. 15

(b) Any proceedings arising out of the application of this Act or any other law conferring jurisdiction on the Court, pending in the Land Claims Court, at the commencement of this Act must be continued and concluded in terms of this Act in the Court and, for that purpose— 20

(i) those proceedings are deemed to have been instituted in terms of this Act in the Court; and

(ii) anything done under any provision of any law amended by this Act is deemed to have been done under the corresponding provision of this Act, 25

unless the Court is of the view that this would not be in the interests of justice, in which event the Court must conclude the proceedings in the Court as if this Act had not been passed.

(c) Proceedings for purposes of paragraphs (a) and (b), are deemed to be pending if, 30

at the commencement of this Act—

(i) a civil summons had been issued or an application has been lodged, but judgment or an order has not been given; or

(ii) an accused person had pleaded but judgment or sentence has not been passed. 35

(d) Any proceedings arising out of the application of any law pending in any tribunal or forum at the commencement of this Act must be continued and concluded in every respect as if this Act had not been passed.

(2) (a) Any period of time served by a person as a judge or an acting judge of the Land Claims Court established in terms of section 22 of the Restitution of Land Rights Act, is deemed to have been served by that person, as a judge appointed in terms of section 8 40

of this Act.

(b) A judge of the High Court who, on the date of commencement of this Act, was seconded or appointed as a judge of the Land Claims Court becomes a judge of the Court except where such judge indicates in writing to the Secretary of the Judicial Service Commission, that such judge does not wish to hold a concurrent appointment as a judge 45

of the Court.

(c) Officers and staff of the Land Claims Court who were appointed in terms of section 28I of the Restitution of Land Rights Act before the date of commencement of this Act, become officers and staff of the Court on the same terms and conditions of their appointment in terms of that section: Provided that the terms and conditions applicable 50

to officers and staff who have been appointed on contract basis remain the same at the commencement of this Act.

(3) Any money available from the budget allocation for purposes of section 29(4) of the Restitution of Land Rights Act, before its amendment by this Act, forms part of the budget allocation of Legal Aid South Africa for purposes of giving effect to section 55

16(4) of this Act.

- (2) Imihlinzeko yalesi sigaba isebenza, nezinguquko ezidingwa isimo, ekususeni isinyathelo noma izinqubo—
- (a) iNkantolo kuPhiko LweNkantolo Ephakeme; kanye
- (b) UPhiko Lwenkantolo Ephakeme kwiNkantolo, esifundazweni esifanayo. 5
- (3) Umyalelo wokususwa—
- (a) ngaphansi kwesigatshana soku-(1) kufanele udluliselwe kunobhala weNkantolo okuyalelwe kuyo ukususwa; futhi
- (b) ngaphansi kwesigatshana sesi-(2) kufanele udluliselwe kunobhala weNkantolo noma kwiNkantolo Ephakeme, kuye ngokuthi yikuphi, lapho ukususwa kuyalelwe khona, 10
- futhi ekutholeni lowo myalelo iNkantolo noma iNkantolo Ephakeme, ngendlela okungaba ngayo, ingalalela futhi inqume isinyathelo noma izinqubo okukhulunywa ngazo.

Amalungiselelo esikhashana

35. (1) (a) Noma yiziphi izinqubo ezivela ekusetshenzisweni kwalo Mthetho nanoma yimuphi omunye umthetho onikeza amandla eNkantolo, osalinde kunoma iyiphi inkantolo ngaphandle kweNkantolo Yezimangalo Zomhlaba esungulwe isigaba sama-22 soMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba, ekuqaleni kwalo Mthetho kumele kuqhutshekwe nawo futhi uphethwe ngazo zonke izindlela kube sengathi lo Mthetho awukaphunyelelisa. 15
- (b) Noma yikuphi ukuthethwa kwamacala okuvela ekusetshenzisweni kwalo Mthetho nanoma yimuphi omunye umthetho onikeza amandla eNkantolo, osalinde eNkantolo Yezimangalo Zomhlaba, ekuqaleni kwalo Mthetho kufanele kuqhutshekwe nawo futhi kuphethwe ngokwalo Mthetho eNkantolo futhi, ngenxa yaleyo nhloso— 20
- (i) loko kuthethwa kwamacala kuthathwa njengokuqalwe ngokwalo Mthetho eNkantolo; futhi 25
- (ii) noma yini eyenziwe ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho ochitshiyelwe yilo Mthetho kuthathwa ngokuthi yenziwe ngaphansi kwemihlinzeko ehambisana nalo Mthetho, 30
- ngaphandle uma iNkantolo inombono wokuthi lokhu ngeke kubhekelele ezobulungiswa, lapho iNkantolo kufanele iphothule ukuqulwa kwecala eNkantolo kube sengathi lo Mthetho awukaphasiswa. 30
- (c) Ukuqulwa kwecala ngezinhloso zezigaba (a) kanye no (b) kuthathwa ngokuthi kusalindile uma, ekuqaleni kwalo Mthetho—
- (i) amasamanisi omphakathi akhishiwe noma isicelo sesifakiwe, kodwa isahlulelo noma umyalelo awukakhishwa; noma 35
- (ii) ummangalelwa ulivumile icala kodwa isahlulelo noma isigwebo asikakhishwa.
- (d) Noma yikuphi ukuthethwa kwecala okuvela ekusetshenzisweni kwanoma yimuphi umthetho okusalindile kunoma yiliphi ibhodi lokuxazulula noma inkundla ngesikhathi kuqala lo Mthetho ukusebenza kufanele kuqhutshekwe futhi kuphethwe ngazo zonke izindlela kube sengathi lo Mthetho awukaphunyelelisa. 40
- (2) (a) Noma yisiphi isikhathi esinikezwe umuntu njengejaji noma ibamba lejaji leNkantolo Yezimangalo Zomhlaba esungulwe ngokwesigaba sama-22 soMthetho Wokubuyiswa Komhlaba, sithathwa ngokuthi sinikezwe yilowo muntu, njengejaji eliqokwe ngokwemibandela yesigaba sesi-8 salo Mthetho. 45
- (b) Ijaji leNkantolo Ephakeme okwathi, ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, lesekelwa noma laqokwa njengejaji leNkantolo Yezimangalo Zomhlaba liba ijaji leNkantolo ngaphandle kwalapho lelo jaji libhalele uNobhala weKhomishana Yemisebenzi Yobulungiswa, ukuthi lelo jaji alifuni ukuqokwa ngasikhathi sinye njengejaji leNkantolo. 50
- (c) Izikhulu nabasebenzi beNkantolo Yezimangalo Zomhlaba ababekokwe ngokwesigaba sama-28I soMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba, ngaphambi kosuku lokuqala ukusebenza kwalo Mthetho, ababe yizikhulu nabasebenzi beNkantolo ngokwemigomo nemibandela efanayo nokuqokwa kwabo ngokwaleso sigaba: Kuncike ekutheni imigomo nemibandela ethinta izikhulu nabasebenzi abaqokiwe ngokwenkontileka ihlala injalo ekuqaleni kokusebenza kwalo mthetho. 55
- (3) Noma iyiphi imali etholakala esabelweni sesabelomali ngokwezinjongo zezigaba sama-29(4) soMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba, ngaphambi kokuchitshiyelwa kwawo yilo Mthetho, iyingxenye yokwabiwa kwesabelomali se-*Legal Aid South Africa* ngenhloso yokuqalisa ukusebenza kwesigaba se-16(4) salo Mthetho. 60

(4) Until the rules contemplated in section 29(3) and the regulations contemplated in section 37(1)(d) have been made, mediators and assessors must be appointed in the manner provided for in the Restitution of Land Rights Act.

(5) The rules published under Government Notice No. R. 300 of 21 February 1997 continue to apply to the Court, with necessary changes required by the context, until the rules contemplated in section 14(1) have been made. 5

Amendment of laws

36. The laws mentioned in the Schedule are amended to the extent indicated in the third column of the Schedule.

Regulations 10

37. (1) The Minister may make regulations regarding—
- (a) the form of the oath or affirmation of a person who has been appointed a judge of the Court and who is not a judge of the High Court;
 - (b) the manner and conditions of appointment for officers of the Court;
 - (c) functions to be performed by officers of the Court; 15
 - (d) manner of appointment of assessors;
 - (e) the form of the oath or affirmation of an assessor;
 - (f) fees and allowances of an assessor not in full time employ of State;
 - (g) legal assistance that Legal Aid South Africa may provide to parties who wish to exercise their right to have a dispute resolved through mediation and any expenditure related thereto; 20
 - (h) any matter required or permitted to be prescribed by regulation under this Act; and
 - (i) any other matter which is necessary to prescribe in order to achieve the objects of this Act. 25

(2) Any regulation under this section which results in State expenditure, must be made with the concurrence of the Cabinet member responsible for finance.

Short title and commencement

38. (1) This Act is called the Land Court Act, 2023, and commences on a date determined by the President by proclamation in the *Gazette*. 30

(2) For purposes of subsection (1) different dates may be proclaimed in respect of different provisions of the Act and the different items of the Schedule to the Act.

(4) Kuze kube kwenziwa imithetho ehlongozwe esigabeni sama-29(3) kanye nemithethonqubo ehlongozwe esigabeni sama-37(1)(d), abalamuli nabahloli kumele baqokwe ngendlela okuhlinzekwe ngayo ngokoMthetho Wokubuyiswa Kwamalungelo Omhlaba.

(5) Imithetho eshicilelwe ngaphansi kweSaziso sikaHulumeni Inombolo R. 300 5 sangomhla zingama-21 kuFebhuwari 1997 iqhubeke nokusebenza enkantolo, nezinguquko ezifanele ezidingwa isimo kuze kube kwenziwa imithetho ehlongozwe esigabeni se-14(1).

Ukuchitshiyelwa kwemithetho

36. Imithetho ebalulwe kwiSheduli iyachitshiyelwa ngokwezinga elikhonjiswe 10 kukholamu yesithathu yeSheduli.

Imithethonqubo

37. (1) UNGqongqoshe angenza imithethonqubo mayelana—
- (a) nohlobo lwesifungo noma isiqinisekiso somuntu oqokwe njengejaji leNkantolo futhi ongelona ijaji leNkantolo Ephakeme; 15
 - (b) indlela nemibandela yokuqokwa kwezikhulu zeNkantolo;
 - (c) imisebenzi okumele yenziwe yizikhulu zeNkantolo;
 - (d) indlela yokuqokwa kwabahloli;
 - (e) uhlobo lwesifungo noma isiqinisekiso somhloli;
 - (f) izimali kanye nezibonelelo zomhloli ongaqashiwe ngokugcwele 20 nguHulumeni;
 - (g) usizo lwezomthetho i-*Legal Aid South Africa* engalunikeza izinhlangothi ezifisa ukusebenzisa ilungelo lazo lokuxazulula ingxabano ngokulamula nanoma yiziphi izindleko ezihlobene nalokho;
 - (h) noma yiluphi udaba oludingekayo noma oluvunyelwe ukuba lunqunywe 25 ngumthethonqubo ngaphansi kwalo Mthetho; futhi
 - (i) nanoma yiluphi olunye udaba oludingekayo ukuze kufezwe izinjongo zalo Mthetho.

(2) Noma yimuphi umthethonqubo ongaphansi kwalesi sigaba oholela ezindlekweni zoMbuso, kufanele wenziwe ngokuvumelana nelungu leKhabhinethi elibhekele 30 ezezimali.

Isihloko esifushane nokuqala ukusebenza

38. (1) Lo Mthetho ubizwa ngokuthi uMthetho Wenkantolo Yezomhlaba, wezi-2023, futhi uqala ngosuku olunqunywe uMongameli ngesimemezelelo kwiGazethi.

(2) Ngenhloso yesigatshana soku-(1) izinsuku ezehlukene zingamenyezela 35 maqondana nemihlinzeko ehlukene yoMthetho kanye nezinto ezehlukene zeSheduli kuMthetho.

SCHEDULE

LAWS AMENDED

(Section 36)

Item No.	No. and year of law	Short title	Extent of repeal or amendment
1.	Act No. 112 of 1991	Upgrading of Land Tenure Rights Act, 1991	<p>1. By the insertion in section 1 before the definition of “Deeds Act” of the following definition: “‘Court’ means the Land Court established by section 3 of the Land Court Act, 2023, or a Magistrate’s Court in whose area of jurisdiction the land in question is situated.”.</p> <p>2. By the substitution in section 20(4) for paragraph (f) of the following paragraph: “(f) on the authority of a warrant issued by a magistrate or a judge of the Land Court having jurisdiction at any reasonable time enter upon such land or any contiguous land.”.</p> <p>3. By the substitution in section 21 for the words preceding paragraph (b) of the following words: “[(1)] Whenever in any [judicial] proceedings before the Court the question arises—”.</p> <p>4. By the substitution in section 24D(6) for paragraph (d) of the following paragraph: “(d) if it is necessary for the purposes of paragraph (a), (b) or (c), at any reasonable time, on the authority of a warrant issued by a magistrate or judge of the Land Court having jurisdiction, enter upon any erf or other land in the area concerned.”.</p> <p>5. By the substitution in subsection 24(D) for subsection (7) of the following subsection: “(7) If any person refuses to answer a question put to him or her under subsection (6)(a) or to deliver or submit anything required under subsection (6)(b), the person acting under subsection (6)(a) or (b) may apply to the [magistrate’s court for the district in which the erf or piece of land in question is situated] Court for an order compelling the former person to answer the question or deliver or submit the thing and the [court] Court may make such order as it deems fair and just under the circumstances, including an order for costs, having regard to the public interest and the right to privacy of the respondent.”.</p> <p>6. By the insertion of the following section after section 24D: “Jurisdiction of Court 24E. The Court has jurisdiction to resolve any dispute arising from the application of this Act.”.</p>
2.	Act No. 126 of 1993	Land Reform: Provision of Land and Assistance Act, 1993	<p>By the insertion of the following section after section 12: “Jurisdiction of Land Court 12A. The Land Court established by section 3 of the Land Court Act, 2023, has jurisdiction to resolve any dispute arising from the application of this Act.”.</p>
3.	Act No. 3KZ of 1994	KwaZulu-Natal Ingonyama Trust Act, 1994	<p>By the insertion of the following section after section 4A: “Jurisdiction of Land Court 4B. The Land Court established by section 3 of the Land Court Act, 2023, has jurisdiction to resolve any dispute arising from the application of this Act.”.</p>

BYLAE

WETTE GEWYSIG

(Artikel 36)

Itemno.	No. en jaar van wet	Kort titel	Omvang van herroeping of wysiging
1.	Wet No. 112 van 1991	Wet op die Opgradering van Grondbesitregte, 1991	<p>1. Deur in subartikel 1 die volgende omskrywing voor die omskrywing van “Minister” in te voeg: <u>“Hof” die Grondhof ingestel by artikel 3 van die ‘Land Court Act, 2023’, of ‘n Landdroshof in wie se regsgebied die betrokke grond geleë is;”</u>.</p> <p>2. Deur in artikel 20(4) paragraaf (f) deur die volgende paragraaf te vervang: “(f) op gesag van ‘n lasbrief deur ‘n landdros of regter van die Grondhof wat jurisdiksie het, uitgereik te enige redelike tyd die grond of enige aanliggende grond betree.”.</p> <p>3. Deur in artikel 21 die woorde wat paragraaf (b) voorafgaan deur die volgende woorde te vervang: <u>“[(1)] Wanneer by [geregtelike] verrigtinge voor die Hof die vraag ontstaan—”</u>.</p> <p>4. Deur paragraaf (d) in artikel 24D(6) deur die volgende paragraaf te vervang: “(d) indien nodig vir doeleindes van paragraaf (a), (b) of (c) te enige redelike tyd ‘n erf of ander grond in die betrokke gebied op gesag van ‘n lasbrief uitgereik deur ‘n landdros of regter van die Grondhof wat jurisdiksie het, betree.”.</p> <p>5. Deur artikel 24(D) van subartikel (7) deur die volgende subartikel te vervang: “(7) Indien enige persoon weier om ‘n vraag aan hom of haar gestel kragtens subartikel (6)(a) te beantwoord of om iets ingevolge subartikel 6(b) te oorhandig of voor te lê, kan die persoon wat kragtens subartikel (6)(a) of (b) optree by die [landdroshof vir die distrik waarin die betrokke erf of stuk grond geleë is,] Hof aansoek doen om ‘n bevel wat eersgenoemde persoon verplig om die vraag te beantwoord of die ding te oorhandig of voor te lê en die [hof] Hof kan die bevel maak wat [hy] die Hof redelik en regverdig ag onder die omstandighede, met inbegrip van ‘n kostebevel, met inagneming van die openbare belang en die reg op privaatheid van die respondent.”.</p> <p>6. Deur die volgende artikel na artikel 24D in te voeg: “Regsbevoegdheid van Hof 24E. Die Hof het regsbevoegdheid om enige geskil te skik wat uit die toepassing van hierdie Wet voortspruit.”.</p>
2.	Wet No. 126 van 1993	Wet op Grondhervorming: Beskikbaarstelling van Grond en Bystand, 1993	<p>Deur die volgende artikel na artikel 12 in te voeg: “Regsbevoegdheid van Grondhof 12A. Die Grondhof ingestel by artikel 3 van die ‘Land Court Act, 2023’, het regsbevoegdheid om enige geskil te besleg wat uit die toepassing van hierdie Wet voortspruit.”.</p>
3.	Wet No. 3KZ van 1994	Wet op die KwaZulu-Natal Ingonyama Trust, 1994	<p>Deur die volgende artikel na artikel 4A in te voeg: “Regsbevoegdheid van Grondhof 4B. Die Grondhof ingestel by artikel 3 van die ‘Land Court Act, 2023’, het regsbevoegdheid om enige geskil te besleg wat uit die toepassing van hierdie Wet voortspruit.”.</p>

Item No.	No. and year of law	Short title	Extent of repeal or amendment
4.	Act No. 22 of 1994	Restitution of Land Rights Act, 1994	<p>1. By the substitution in section 1 for the definition of ‘Court’ of the following definition: “‘Court’ means the Land [Claims] Court established by section [22] 3 of the Land Court Act, 2023;”.</p> <p>2. By the deletion in section 1 of the definitions of ‘High Court’ and ‘presiding judge’.</p> <p>3. By the substitution in section 1 for the definition of ‘the rules’ of the following definition: “‘the rules’ means the rules made under [sections] section 16 [and 32] of this Act;”.</p> <p>4. By the substitution in section 11(5) for paragraph (a) of the following paragraph: “(a) If after an order has been made by the Court as contemplated in section [35] 26(3) of the Land Court Act, 2023, or an agreement has been entered into as contemplated in section 14(3) or 42D, it is shown that another claim was lodged in terms of this Act in respect of the land to which the order or agreement relates, any interested party may apply to the Court for the rescission or variation of such order or the setting aside or variation of such agreement.”.</p> <p>5. By the substitution in section 11 for subsection (5A) of the following subsection: “(5A) Where an appeal is pending in respect of an order of the Court contemplated in section [35] 26(3) of the Land Court Act, 2023, an application for the rescission or variation of such order under subsection (5) shall be made to the Constitutional Court or the Supreme Court of Appeal, as the case may be.”.</p> <p>6. By the deletion of Chapter III.</p> <p>7. By the substitution in section 38B(1) for paragraph (a) of the following paragraph: “(a) an order has been made by the Court in terms of section [35] 26(3) of the Land Court Act, 2023, in respect of a right relating to that land; or”.</p>
